



Awu bandla iNhlanzi.
INhlanzi yabe inesizungu.
INhlanzi yahamba yayofuna umngani.

INhlanzi yahlangana nonogwaja.
INhlanzi yathi kunogwaja,
“Ngiyawuthanda umsila wakho.
Unjengomshanelo! Ungaba
ngumngani wami?” kubuza iNhlanzi.

Unogwaja waphendula wathi, “Mina?
Kungabe uyaphupha? Ngeke ngibe
ngumngani nomuntu onuka udaka
futhi ongenayo imilenze.”

INhlanzi yabuza, “Ooh! Ngiyanuka
ngempela? Futhi yingani kumele ngibe
namahloni uma ngingenamilenze?”










Ngokulandelayo iNhlanzi yahlangana neJuba. “Ngiyalithanda iphimbo lakho lokuhlabelela,” kusho iNhlanzi. “Ungaba ngumngani wami?”

IJuba laphendula lathi, “Ngeke ngibe ngumngani nomuntu onezimpiko ezingasebenzi.”

Inhlanzi yaphendula yathi, “Izigwedlo  zisebenza kahle. Phela ezokutshuza emanzini.”

IJuba lathi, “Krr! Bonke abangani bami  kumele bandizele phezulu emoyeni!”





INhlanzi bandla. INhlanzi yamangala, “Uthi ngiyophinde ngimthole umngani?”

Ngokulandelayo inhlanzi yahlangana neKati. INhlanzi yathi, “Sonke sinamehlo amahle. Asibe ngabangani!”

IKati lagwavuma, selilungele ukuklwebha. “Grrrrrrr!”









“Ah, iKati lifuna ukungidla!”

Yagxuma ngokushesha yangena emanzini iNhlanzi.

Amanzi abhibhidla amagwebu lapho iphefumula ngokwesaba.

INhlanzi yaphumula, "Angizalwanga ukuthi ngibe ngedwa," INhlanzi yacabanga ekugcineni. "Ngizozama kanye okokugcina."



INhlanzi yabona uSelesele.
"Hheyi Selesele!" kumemeza iNhlanzi.
"Ungakwazi ukubhukuda?"



USelesele waphendula wathi,
"Yinto enjengaleyo, kodwa kunzima
kimina ukuzabalaza emanzini."

“Ngingakufundisa mina
ukuthi kubhukudwa kanjani,”
kusho iNhlanzi. “Woza!
Bamba umsila wami!”









INhlanzi noSelesele badlala
ndawonye ngaleyo ntambama.





Kuze kube yimanje basengabangani.

**Room to Read South Africa**
1209 Francis Baard Street, The Gables, 1 Floor, Hatfield, Pretoria 0028, South Africa
www.roomtoread.org

*Ngonyaka ka 2018 inhlangano yaka REACH yalekelela inhlangano yaka Room to Read kanye nabashicileli baseMzansi ukusungula babhale izincwadi ezingu 20 ngezilimi zaseNingizimu Afrika. Enye nje yalezo zincwadi yiyo le oyiphethe! Lezi zincwadi zaqalwa zabhalwa ngeSipedi, isiSwati, isiTsonga, isiVenda kanye nesiZulu. Zonke lezi zincwadi zitholakala ngazo zonke lezi zilimi kuhlanganisa nesiNgisi. Ukuthola eminye imininingwane, vakashela ku onedayonebook.org*

*Inhlanzi Ithola Umngani*
Fish Finds a Friend
Ihunyushwe nguBusi Maphumulo

Room to Read GSD ID: ZA-ABP-18-0004
ISBN: 978-1-928441-85-4

Ishicilelwe okokuqala iBalaodi Publishers.
Le ncwadi yabhalwa okokuqala ngeSepedi nguMoyahabo Masela.
Umfanekisi nguGerda Smit
Umhlobisi nguJennifer Jacobs
Umhleli nguKatherine Hofmeyr
ngosizo lwabakwa-One Day One Book, eGoli, mhla ka-2 Juni 2018.

Uma ufisa ukuthenga izincwadi eziningi, sicela uxhumane nomshicileli ngqo.
Balaodi Publishers
76 Hans Van Rensburg St, Polokwane, Limpopo, 0699
Diphete Bopape | 015 297 7967

Lonke lolu hlelo lwaxhaswa ngezimali siyikhwama senhlangano ebhekela imiPhumela yeMfundo eziNganeni eBhange loMhlaba neNhlangano yoMhlaba yeziNcwadi ilekelelwa uMnyango weMfundo eyisiSekelo.

Wonke amalungelo ale ncwadi agodlwe ngabasunguli bazo zonke izingxenye zale ncwadi. Bakhethe ilayisensi yohlobo loHlelo lokuSabalalisa iNcwadi Mahhala, okusho ukuthi incwadi isiyonke ilawulwa yile layisensi. Ngakho, noma ngubani ukhululekile ukufunda, ahumushe, agaye futhi asabalalise le ncwadi. Uma ukhetha ukusebenzisa noma iyiphi ingxenye yale ncwadi, kumele uqhakambise abasunguli bayo.